**Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni**

Intshumayelo ngesonto elandulela elilandulela elokugcina emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 13. 11. 2011 **55/21011**

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 146/132

**2. Umkhuleko:** Nkosi, Baba wethu osezulwini, wena owasibiza ngobizo olungcwele ngombhapathizo, wasibeka ekukhanyeni okuphakade ngayo iNdodana yakho ethandekayo; siyanxusa ngokuzithoba, sithi: Vula izinhliziyo zethu nengqondo yethu, ukuba sihlakaniphe, sikhuthalele okombuso wakho, njengokuba izwe likhuthalela okuphelayo kwalo. Siphe ukwethembeka ngokukholwa kukho konke esikwenzayo emsebenzini wakho, size sikwazi ukulanda ngobunceku bethu ngalo usuku lokubuya kweNdodana yakho ethandekayo, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuwabaseRoma 8:18-25;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 25:31-46.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 143/127

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Ivangeli** ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuLuka 16:1-9, lithi: UJesu “wayesekhuluma nakubafundi bakhe, ethi: ‘Kwakukhona umuntu othile oyisicebi, owayenomphathi; yena wamangalelwa kuye ngokuthi uchitha impahla yakhe. Wambiza, wathi kuye: ‘Kuyini lokhu engikuzwa ngawe na? Landa ngobuphathi bakho, ngokuba ungebe usaba ngumphathi.’ Wayesethi umphathi phakathi kwakhe: ‘Ngizakwenze njani, lokhu inkosi yami ingaphuca ubuphathi? Anginamandla okulima, nginamahloni ukunxiba. Ngiyakwazi engiyakukwenza ukuba bangemukele ezindlini zabo, nxa ngikhishwa ebuphathini.’ Wababiza ngabanye abanamacala enkosini yakhe, wathi kowokuqala: ‘Unecala elingakanani enkosini yami na?’ Wathi: ‘Amabhati ayikhulu amafutha.’ Wayesethi kuye; ‘Thatha incwadi yakho, usheshe uhlale phansi, ulobe amashumi ayisihlanu.’ Khona wathi komunye: ‘Wena-ke unecala elingakanani na?’ Wathi: ‘Izinlinganiso eziyikhulu zikakolweni.’ Wathi: kuye: ‘Thatha incwadi yakho, ulobe amashumi ayisishiyagalombili.’

Inkosi yambabaza umphathi ongalungile ngokuthi wenze ngokuhlakanipha, ngokuba abantwana balesi sikhathi bahlakaniphile esizukulwaneni sabo kunabantwana bokukhanya. Nami ngithi kini: 'Zenzeleni nina abahlobo ngokukaMamona ongalungile, ukuze kuthi, nxa kuphelile, banamukele ezindlini eziphakade.'" Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, umphostoli uPetru waloba amazwi athi: "Lencwadi, bathandekayo, isingeyesibili enginilobela yona, engivusa ngayo ingqondo yenu emhlophe ngokunikhumbuza amazwi ashunyayelwa ngaphambili yibo abaprofethi abangcwele. Nomyalo weNkosi owashunyayelwa ngabaphostoli ukuthi: Ngezikhathi zokugcina kuyakufika abahleki abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo, bethi: 'Siphi isithembiso sokufika kwakhe na? Ngokuba kuselokhu obaba balala konke kumi kunjalo njengasekuqaleni kokudalwa.'" Umqondo onjalo ukhona nakithi abantu banamuhla. Kanti iNkosi ayiyikulibala ngezethembiso zayo.

**INkosi uqobo iyobuya ngempela ukulandisana nathi ngosuku lokugcina.**

UJesu uyafundisa ngomphathi ongathembekile. "Kwakukhona umuntu othile oyisicebi owayenomphathi, yena wamangalelwa kuye ngokuthi uchitha impahla yakhe. Wambiza wathi kuye: Kuyini lokhu engikuzwa ngawe na? Landa indaba yobuphathi bakho, ngoba ungebe usaba-ngumphathi." Uma siqhubeka nendaba kuyabonakala ukuthi: Lomphathi wayengalungile, akaphathanga kahle izinto zenkosi yakhe; waphatha kabi, echitha konke, ekhohliwe usuku olukhulu lokubuya kwenkosi yakhe okumlandisa. Isifikile inkosi yakhe imnqumela ukumkhipha ebuphatheni, imlahle ngenxa yokuphatha kwakhe okubi. Naye umphathi akabanga-namandla okuphika okushiwo yinkosi yakhe, ngoba naye walahlwa yinhliziyo yakhe. Konke kwakuyiqiniso.

Lendaba esiyizwayo lapha ngoJesu namuhla, kuyindaba enkulu ngeyesabekayo neyiqiniso, neyenzekayo ekuphileni kwethu lapha emhlabeni, neyokwenzeka futhi ngosuku lokubuya kweNkosi enkulu yasezulwini. Ngoba phela thina abakholwayo sineNkosi enkulu yasezulwini esivuma ngayo esivumeni sethu ukuthi: Wenyukela ezulwini, uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise, uyakubuya khona ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo. Ngombhapathizo nangesidlo esingcwele siyathethelelwa izono ngesihle ngomusa, sesithethelelwe siyabekwa endlini kaNkulunkulu eyibandla labakholwayo, senziwa abaphathi bayo yonke imisebeni esebandleni - noma isikhundla sokushumayela kanye nayo yonke imisebenzi yebandla. Uma-ke singababaphathi sikhumbula yini ukuthi: Luyeza usuku lweNkosi lokulandiswa ngokuhaha kwethu na? Ingani sivuma kanjalo esivumeni senkolo yethu ukuthi: Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, lapho eyobuya khona ezokwahlulela abasahambayo

nabafileyo. Kuvamisile ukuba lawomazwi siwasho nje ngomlomo ngokuwejwayela, kodwa sibe singacabangisisi impela ukuthi lamazwi aqinisile. Uma besicabanga ngempela bekungaba kuhle phela ukuthi lamazwi avule amehlo nengqondo kanye nezindlebe zethu, avuse amandla amasha kithi sonke emsebenzini yonke esiphathiswe yona ebandleni.

Sihlakaniphele okombuso wasezulwini, njengokuba nomhlaba uhlakaniphela okwalo okuphelayo. Umphathi ongalungile esebona ukuthi ubuduna bakhe sebuphelile wewuyafuna amasu ngobuqili bakhe, usebiza zonke izinceku ezinamacala enkosini yakhe. Uyabuza ukuthi wena unecala elingakanani enkosini yami na? Usenciphisa imali yesivumelwano, ukuze bambonge, bamngenise ezindlini zabo. Inkosi yakhe ikuzwa lokhu, yambabaza lomphathi ongalungile, ngoba wenza ngokuhlakanipha.

Kunjalo abantu abangaphileli iNkosi yasezulwini bakhohliwe usuku lokulandiswa, baphilela umhlaba nje kuphela, bahlakaniphele wona kuphela, impilo yabo kungukukhathazeka ubusuku nemini befuna amasu amaningi ukuba babe nakho konke, baphile kahle ezweni, bakhohlwe ngemiphefumulo yabo. Kuhle ukuhlakanipha, umuntu abe nakho konke, uma ephilela iNkosi, akuyikusiza ukuhlakaniphela izwe kuphela, ngoba izwe liyadlula nenkanuko yalo. Masihlakaniphele izulu eliyimpilo yaphakade, ngokuba konke kuyakudlula. Ukuhlakanipha okuyikho kungukumazi uNkulunkulu ngenxa yomusa wakhe ngaye uMsindisi wethu nokuvuma izono, nokuthethethelelwa egameni likaJesu Kristu, nokuphenduka, nokulinda ukubuya kweNkosi ngosuku lwayo olungaziwa muntu.

Babusisiwe abantu bonke emhlabeni wonke abalizwa izwi likaNkulunkulu balilondoloze, bavume ukuba isindiswe imiphefumulo yabo, noma bewela esonweni, basukume, bavume isono sabo, bacele intethethelelo, bamukele intethelelo esibikweni nasesidlweni seNkosi ngokukholwa nguJesu Kristu, oyiNkosi noMsindisi wethu sonke, sisukume, senze umsebenzi esiwuphiweyo nguye embusweni wakhe, noma singabafundisi, siphathe okwesikhundla sethu ngokuthembeka okudingekayo, sifundise abafundela umbhapathizo noma umqiniso ngokuthembeka, silungise izintshumayelo zethu ngokukhuthala impela, siphathe izinkonzo zesibiko nezesidlo seNkosi ezimisiweyo ngesikhathi esifaneleyo, sikhulekele abebandla ngokuthembeka, sihambele iziguli nabadala nababuthakathaka, silandele izimvu ezilahlekileyo, sizifune, size sizithole; senze umsebenzi esiwuphathisiweyo emakhaya, sikhulise abantwana bethu ekuyesabeni iNkosi; sinakekele nomsebenzi omelwe ukwenziwa ebandleni, sidonse omakhelwane bethu abangakasonti, sikhiphe iminikelo nemali yebandla ngokuthembeka; senze

umsebenzi esiwuphathisiweyo nasemsebenzini wethu noma kuphi, kakhulu emsebenzini wokuphatha okwezwe lakithi, sikwenze konke ngokwentando yeNkosi. Sikhumbule njalo ukuthi sizobizwa yiNkosi yamakhosi ukuba silande ngakho konke esikwenzayo noma kuphi, noma nini.

Noma loyamphathi ekhishiwe esikhundleni sakhe, sazi ukuthi siyashunyayezwa lomfanekiso wezwi lentshumayelo yanamuhla ukuba siqonde ukuthi ngokwempela iNkosi yethu yasezulwini ayifuni ukusixosha, ithanda ukusivuselela namuhla ukuba senze umsebenzi wethu lapho sibekiwe khona ngokuhlakanipha okufanele abantu bombuso wasezulwini lapho kubusa khona iNkosi yethu uJesu Kristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba ngayo iNkosi yethu uJesu Kristu, siyavuma ukuthi asiphathanga kahle konke esikuphathisiwe nguwe. Ngakho lokhu sifanele ukushaywa khona lapha emhlabeni nangasemuva esihogweni somlilo. Siyacela, Nkosi, ungasixoshi emsebenzini wakho, usiphathe ngomusa, usithethelele izono namaphutha, usiphe ithuba elisha lokuba sivunyelwe ukuqhubeka emsebenzini wakho, sicela konke lokhu egameni elikhulu likaJesu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 144/130 noma 148/138

*Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.*

Lentshumayelo ilotshiwe ngo1979/2005 ngu-John Khumalo ( †).

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.